Nhlaba 2016/May

Nxusa elithandekayo

Kade ngicabanga ngemibuzo embalwa nje ngizibuza ukuthi yin indaba sikhuleka? Ngabe kulula kuwe ukukhuleka?

Ukukhuleka akukho lula, kanti futhi ukukhuleka kakhulu kungasenza sikhathazeke. Kodwa ke, uNkulunkulu uthembekile ukuqoqanisa abesifazanekumaqembu omkhuleko kaPH ngezikhathi ezinzima nezinesidingo Lamaqembu omkhuleko anikezela ngendawo ephephile ukuze abesifazane bathulule ubuhlungu babo.

Omunye wesifazane ihlanganyela kumkhuleko kaPH eMzansi Afrika uveze indlela azizwa ngayo ngokuba ingxnye yomkhuleko ngolozihlanu ekanye nabanye besifazane. Uthi lokhu kumsize kakhulu ezingxenyeni eziningi zempilo yakhe kanti futhi imikhuleko yakhe eminingi iphendulekile.

Elinye iqembu lomkhuleko likaPH eMzansi Afrika bebekhuleka ukuba uNkulunkulu aphe Amandla umzalwane osanda kuphenduka, ngu<rs S lowo osebonga iNkosi ukuthi manje useyabona, ufakaze wathi ubephuphuthekiswe Amandla obumnyama, ubebeke ithemba lakhe kwabaphansi (amadlozi). Enhliziyweni yakhe ubefisa ukukhonza uNkulunkulu, ngakho ke ubekhonza amadlozi Kanye noNkulunkulu. Abazalwane baya emzini wakhe bamkhulekela. Sibonge uNkulunkulu ukuthi mnaje usekhonza uNKulunkulu ophilayo kuphela.

Ngiyakhumbula namuhla ukuthi ebhayibhelini kunezindawo eziningi ezisiholela nezisikhuthaza ngomkhuleko:

- Uma sesaba umkhuleko uyasisiza sithole ukuthula.”ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke zicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka, nokunxusa nokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKrestu Jesu” (Filiphu 4:6–7).”Ngamfuna uJehova, wangiphendula wangikhulula kulo lonke uvalo lwami” (Amahubo 34:4).
- Uma sikhathele umkhuleko uyasisiza sithole ukuphumula “Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza” (Mathewu 11:28).
- Umkhuleko usikhumbuza ukuthi asisodwa uNkulunkulu useduze. “UJehova useduze nabo aabanenhliziyo eyaphukileyo, uyabasindisa abanomoya odabukileyo” (Amahubo 34:18).
- Umkhuleko uvulela amehlo ethu ezizweni. “Izizwe mazijabule, zithabe, ngokuba izizwe uzahlulela ngokulunga, uzihola izizwe emhlabeni .Abantu mabakubonge, Nkulunkulu, mabakubonge abantu bonke” (Amahubo 67:4–5).

Asihlanganyele nawe kulenyanga sisakhulekela odadewethu eMzansi Afrika.” Malijabule izulu, umhlaba uthokoze, makuthiwe ezizweni: UJehova uyiNkosi!” (1 Kronike 16:31).

Peggy Banks
Global Ministry Director
Project Hannah

**Sibonge iNkosi ngabesifazane abakhutheleyo eMzansi Afrika abahambela abesifazane ukuze bakhuleke futhi balalele iznhlelo zaWOH ngolimi lwabo. Sikhulekele usizo lwezimali ukuze lomsebenzi uqhubeke uthuthuke.**

Lokhu okulandelayo umbiko othathwe ezindaweni ezihanjelwe uPH kuqalwa amaqembu amasha omkhuleko nalawo asenesikhathi.

**Swaziland**

Umxhumanisi kwisifundazwe saseSwazini uKhaboe wahamba nabesifazane abawu16 besuka kwaManzini beya eKhandida , lokhukuvakasha kwakuhlelwe unkosikazi weNkosi uMswati

"Unkosikazi weNkosi wasamukela ngentokozo ebuka ukuzinikela kwethu kwazise bahlala endaweni ekude nedolobha esemakhaya….sasinezipho zensipho esazipha abesifazane namakhadi abhalwe ivesi elisebhayibhelini, bakujabulela lokho kupha kwethu."

UKhaboe wazisa abesifazane ngoPH wase ekhuluma ngezwi likaNkulunkulu. Bakuthokozela lokho nokubandakanyeka emkhulekweni womhlaab wonke. " Sabafundisa ngoDorcas, owesifazane owayezinikele ukukhonza nokupha emphakathini waseJopha. (Izenzo 9:36-43).Kufanele sizinikele ukusiza abanye abantu nakulabo abadingayo.Sikhuthaza abesifazane ukwenza okuhle.

**Mzansi Afrika**

Umxhumanisi kwisifundazwe saseMzansi Afrika, Lyn Burnett, uvakashele ithimba laPH eMzansi Afrika. linike umbiko ngezinhlelo zesizulu zaWOH ezikhiqizwa eStudio saTWR.

Bathule umbiko nangezinye izinhlelo ngamaqembu omkhuleko.

- Abesifazane abawu20 eMbumbulu abaningi abangabafelokazi abamlambele uThixo nabafisa ukumkhonza.
- Abesifazane Kwanyuswa banikeze ubufakazi obunamandla ngowesifazane obeyisangoma ozinikele kuJesu, Amandla omkhuleko njalo!
- Abesifazane ngase Valley Trust basaqhubeka, kodwa bayashintshashintsha ngoba abanye bathola imisebenzi bese kufika abanye.
- Abesifazane eMolweni abangabafelokazi abalalela izinhlelo zaWOH bakhuleke ndawonye.
- Abesifazane eMlazi abakhuleka izikhathi ezintathu ngosuku.

Ngenkathi uLyn eseMzansi wavakashela iqembu lomkhuleko eMlazi, benoZooe noPhilile. UMfundisi uJanet uhola leliqembu lomkhuleko kusukela ngo1995. Kuleminyaka edlule sebeqale ukukhuleka besebenzisa nekhalenda lethu lakaPH. Bebehlanganyela endlini endala eyenziwe ngamapulangwe, esidilizwe izimvula, manje abasenayo indawo yokukhulekela, ngenkathi kufike uLyn babesebenzise itende futhi kwakukhona abesifazane abawu20. Saba nesikhathi esihle nabo sokufunda izwi nokukhuleka ndawonye.Bakhuleka nsuku zonke ngo6 ekuseni, nango10 ekuseni nango6 ntambama. Kumanje bakhulekela indlu entsha yokukhulekela.

Sikhulekele abaxhumanisi abazozinikela: Gauteng, KZN naseKapa. Sibonge iNkosi ngalaba: Verona, Avrille, Jay, Brenda, Linda, Pumla, Ria, Margaret, Geraldine, kanye nabanye.